



It starts with a story...

Tell us a story!

How often have your children said, "Tell us a story, please?" If you were lucky enough to grow up with adults telling you stories, then you will probably remember what it feels like to be completely wrapped up in a story – it's like everything around you disappears and you are part of the story!

Children love hearing stories and they are a great way to stimulate their imagination and their use of language. Here are some tips to help you be a magical storyteller for your children.

- **Get going.** It's always easiest to start with what you know, so start by telling stories that you know well.
- **Find more stories.** Keep adding to the number of stories you can tell by finding new ones. Look in books and on the Internet. Translate stories that are only available in one language into the language/s you are comfortable telling stories in.

Sixoxele indaba!

Sezisho kangaki izingane zakho ukuthi, "Sicela usixoxele indaba?" Uma ubunenhlanhla ngokwanele yokukhuliswa abantu abadala abakuxoxela izindaba, maningi amathuba okukhumbula ukuthi kwakunjani ukujula nendaba – kufana nokuthi yonke into eseduze kwakho iyanyamalala wena bese uba yingxenywe yendaba!

Izingane ziyakuthanda ukuzwa izindaba futhi izindaba ziyindlela ekahle yokukhuthaza amandla okwakha imifanekiso yomqondo nokusebenzisa kwazo ulimi. Nanka amanye amacebo okukusiza ukuthi ube umxoxi wezindaba onokusamlingo ezinganeni zakho.

- **Qala.** Kuba lula njalo nje ukuthi uqale ngalokho okwaziyo, ngakho qala ngokuxoxa lezo zindaba ozazi kahle.
- **Thola ezinye izindaba.** Qhubeka nokwengeza inani lezindaba ongazixoxa ngokuthola ezintsha. Bheka izincwadi kanye naku-inthanethi. Humushela izincwadi ezitholakala ngolimi olulodwa olimini noma ezilimini okwazi ukuxoxa izindaba ngazo.
- **Hambisana nezethameli zakho.** Khetha indaba ozoyixoxa ocabanga ukuthi izobahlaba umxhwele abakulalele futhi nehambisana neminyaka yabo. Isibonelo, izingane eziningi zithokozela izindaba ezinezilwane kuzo, kodwa izindaba ezinemimoya emibi zingazethusa izingane ezisencane.
- **Khetha amagama akho.** Zama ukukhetha amagama ahlaba umxhwele nakhombisa imizwa azosiza abakulalele ukuthi bazakhele isithombe emakhanda abo ngesikhathi belalele indaba.
- **Zwakalisa umuzwa ezwini lakho.** Xoxa indaba ngokuzwakalisa umuzwa ezwini lakho futhi unikeze nabalingiswa amazwi ezwakala ehlukele, njengezwi elinkentezayo legundane elincane kanye nezwi elikhulu, elimemezayo lebhuse.

- **Match with your audience.** Choose a story to tell that you think will interest your listeners and is appropriate for their ages. For example, most children enjoy stories that have animals in them, but stories with evil spirits in them may scare very young children.
- **Choose your words.** Try to choose interesting and expressive words that help your listeners to build a picture in their heads as they listen to the story.
- **Use expression.** Tell the story with expression in your voice and give the characters different sounding voices, like a squeaky voice for a little mouse and a deep, booming voice for a lion.
- **Use your whole body.** Use your face to show the expressions of different characters in the story. For example, frown when a character is shouting and cross about something. Use body gestures, like swaying gently from side to side to show how a tree moved in a gentle breeze and then using bigger movements to show how it moved as the wind got stronger.
- **Practise.** If you are telling a story to a group of children, practise in advance so that you know the story well.
- **Enjoy yourself.** If you enjoy telling a story, then it is likely that your children will enjoy listening to it too! So, relax and have fun!



We will be taking a break until the week of 13 April. Join us then for more Nalibali reading magic!

Sizoke sithathe ikhefu kuze kube isonto lamhla ziyi-13 kuMbaso. Sicela nihlanyenyele nathi ngaleso sikhathi ukuze nithole eminye imilingo yokufunda yakwaNalibali!

- **Sebenzisa umzimba wakho wonke.** Sebenzisa ubuso bakho ukuze ukhombise abalingiswa abahlukene endabeni. Isibonelo, buyisa izinhlonzi uma umlingiswa ethetha noma ethukuthelise okuthile. Sebenzisa umzimba ukuze ukhombise okuthile, okufana nokunyakaza uye ngapha nangapha, ukuze ukhombise isihlahla esinyakaziswa umoya ophephetha kancane, bese usebenzisa iminyakazo emikhulu ukuze usikhombise uma sinyakaziswa umoya onamandla.
- **Zejwayeze.** Uma uxoxela ithimba lezingane indaba, yibe lokhu uzejwayeza ozokwenza kusenesikhatha ukuze uyazi kahle indaba.
- **Zithokozise.** Uma ukuthokozela ukuxoxa indaba, maningi amathuba okuthi izingane zakho zingayithokozela nazo! Ngakho, khululeka nje bese uzithokozisa!

On the move...

From 13 April, get your bilingual Nalibali reading-for-enjoyment supplement every week during term time in the following Times Media newspapers:

- ★ *Daily Dispatch* (English and IsiXhosa) on Tuesdays in the Eastern Cape
- ★ *The Herald* (English and IsiXhosa) on Thursdays in the Eastern Cape
- ★ *Sunday Times Express* (English and IsiXhosa) on Sundays in the Western Cape
- ★ *Sunday World* on Sundays in KwaZulu-Natal and Gauteng (English and IsiZulu), and the Free State (English and Sesotho).



Drive your imagination

Read to me. Every day.
Ngifundele. Nsuku zonke.



It starts with a story...



Drive your imagination

Hi Nal'ibali

I trust that you are doing well. I'm 29 years old and a mother of a 7-year-old girl in Grade 1 at a Xhosa-speaking school. I'm so glad to finally know you. My daughter is struggling to read and sometimes it's hard for her to write double consonants in Xhosa – that's what her teacher told me. I believe that if I guide my daughter, it will help her a lot. I need you to help me with tips. I would appreciate this a lot. I want only the best for her future.

Kind regards
Nobuntu M

Dear Nobuntu

You can help your daughter most by continuing to read to her in isiXhosa – that's the best way to get her reading on her own. Help her with her reading homework, but make sure that you read her the stories in our supplements as well as the ones on our website. Also, borrow books from the library in isiXhosa. Just keep reading to your daughter in isiXhosa – every day!

The Editor

Sawubona Nal'ibali

Ngiyethemba ukuthi niyaphila. Ngineminyaka engama-29 futhi ngingumama wentombazana eneminyaka eyi-7 efunda iBanga loku-1 esikoleni sabafundi abakhuluma isiXhosa. Ngiyajabula ukuthi ngigcine ngikwazile. Indodakazi yami inenkinga yokufunda futhi ngesinye isikhathi ikuthola kunzima ukubhala ongwaqa ababili abalandelanayo ngesiXhosa – yilokho engakutshelwa uthisha wayo. Ngikholelwa ekutheni uma ngeluleka indodakazi yami, lokhu kuzoyisiza kakhulu. Ngidinga ukuthi ningisize ngamacebo. Ngingakujabulela kakhulu lokhu. Ngiyifunela ikusasa elihle kuphela.

Ozithobayo
UNobuntu M

Nobuntu Othandekayo

Ungasiza indodakazi yakho kakhulu ngokuqhubeka nokuyifundela ngesiXhosa – iyona ndlela engcono ongayisiza ngayo ukuze igcine isizifundela. Sicela uyisize ngomsebenzi wayo wesikole owenzelwa ekhaya wokufunda, kodwa uqinisekise futhi nokuthi uyayifundela izindaba ezisezithasiselweni zethu kanye nalezo ezikuwebhusayithi yethu. Boleka futhi nezincwadi ngesiXhosa emtatsheni wezincwadi. Vele uqhubeka nokufundela indodakazi yakho ngesiXhosa – nsuku zonke!

UMhleli

SMS

As a preschool teacher, I would like to thank Nal'ibali for your children's stories. When it's story time in my class, I usually use my Nal'ibali stories and the children really enjoy them! We are looking forward to other interesting stories. Thank you. Keep up the good work!

Kedibone

Ama-SMS

Njengothisha wezingane zasenkulisa, ngithanda ukubonga uNal'ibali ngezindaba zenu wezingane. Uma sekuyisikhathi sokufunda izindaba egunjini lami lokufunda, ngivamise ukusebenzisa izindaba zami zakwaNal'ibali futhi nezingane ziyazithokozela! Sesilangazelela ukuthola ezinye izindaba ezihlaba umxhwele. Siyabonga. Qhubekani nokwenza umsebenzi omuhle!

UKedibone

Dear Nal'ibali...
Nal'ibali othandekayo...

Write to Nal'ibali at
**PRAESA, Suite 17-201, Building 17,
Waverley Business Park, Wycroft
Road, Mowbray, 7700, or at
letters@nalibali.org.**

**Bhalela uNal'ibali
ku-PRAESA, Suite 17-201,
Building 17, Waverley Business Park,
Wycroft Road, Mowbray, 7700,
noma ku-letters@nalibali.org.**

Hi Nal'ibali

My kids and I have just joined the library. I am so proud – my daughter who is 6 years old is trying to read on her own, and my 10-year-old son has just started reading chapter books. I want to encourage him by getting him a fun bookmark. We don't have many places to buy these kinds of things where I live. Do you know where I can get one?

Esmé Davis
Laingsburg

Dear Esmé

So glad to hear that you've joined the library! I have good news about the bookmark! Go to the "Resources" section on our website. There you will find bookmarks you can download – ready-made Nal'ibali bookmarks as well as a template to help your son make his own one. Wishing you and your children many happy hours spent reading!

The Editor

Sawubona Nal'ibali

Mina nezingane zami sesibhalise emtatsheni wezincwadi. Ngiyaziqhenya – indodakazi yami eneminyaka eyi-6 izama ukuzifundela, kanti indodana yami eneminyaka eyi-10 isanda ukuqala ukufunda izincwadi ezinezahluko. Ngifuna ukuyikhuthaza ngokuyitholela okokukhombisa lapho ugcine ukufunda khona okuhle. Asinazo izindawo eziningi esingathenga kuzo izinto ezifana nalezi lapho ngihlala khona. Ngabe niyazi lapho ngingakuthola khona?

U-Esmé Davis
ELAingsburg

Esmé Othandekayo

Siyajabula ukuzwa ukuthi ubhalise emtatsheni wezincwadi! Nginzindaba ezimnandi mayelana nokokubeka lapho ugcine ukufunda khona! Iya ku-"Resources" ewebhusayithini yethu. Uzoqithola lapho izinsiza lezo ongazithwebula – izinsiza ezinje zakwaNal'ibali, kanye nohlaka lokusiza wena kanye nendodana yakho ukuthi nizenzele okwenu. Sifisela wena kanye nezingane zakho amahora amaningi amnandi nifunda!

UMhleli

Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday to Wednesday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgisi ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

Get the story ready to read!

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. To separate the pages, cut down the middle of pages 4 and 5.
3. Fold along the red dotted line.
4. If possible, keep the story in a plastic pocket to protect it.

Lungiselelani indaba enizoyifunda!

1. Khipha amakhasi, elesi-3 ukuya kwelesi-6 kulesi sithasiselo.
2. Ukuze uhlukanise amakhasi, sika amakhasi, elesi-4 nelesi-5 phakathi nendawo.
3. Goqa ulandele umugqa wamachashazi abomvu.
4. Uma ningakwazi ukwenze njalo, gcinani indaba eplastikini ukuze niyivikele.



and every grain of corn was as big as your head. My great-grandfather took the village back to its proper place and put it down.

"At that time, your great-grandfather was a very poor man. My great-grandfather employed him as his servant. His job was to weigh out grain for the customers. Your great-grandfather was very stupid and often made mistakes. My great-grandfather would thrash him for his mistakes."

"True, oh Chowdhri, true!" said the trader. He was angry at the farmer, but he didn't want to lose the bet. They had reached the outskirts of the town, but the farmer hadn't finished his story yet.

They reached the moneylender's shop and went inside.

"Well," the farmer carried on, "after my great-grandfather sold his harvest, there was no more work for your great-grandfather. He had to leave, but first, he asked my great-grandfather to lend him 50 rupees."



"True, oh Chowdhri, true!" said the trader.

"Very good," said the farmer loudly so the moneylender could hear. "Your great-grandfather did not repay the debt, nor did your grandfather, nor your father. And you haven't repaid the debt either. Now that 50 rupees, plus interest, amounts to exactly 500 rupees. That is the amount you owe me!"

"True, oh Chowdhri, true!" said the trader.

"You have admitted to the debt before the moneylender," said the farmer. "Now, kindly pay him the money so that I can keep my land."

The trader was trapped. If he said the story was true, he had to pay the moneylender 500 rupees. If he said it was not true, he had to pay the farmer 500 rupees. So he paid up, and never again did he say the farmer was stupid.



The trader and the farmer

Retold by Ros Haden

Illustrated by Natalie Hinrichsen

Once upon a time in India, there lived a trader. All the villagers bought their supplies from him and he was a very rich man.

One day on his way to town, the trader met a poor farmer. The farmer had to pay a debt he owed to the moneylender. The farmer's great-grandfather had borrowed 50 rupees from the moneylender 50 years ago. He had not been able to repay it. The moneylender added interest to the amount and now the poor farmer owed the moneylender 500 rupees. He wondered if he would ever be able to repay it.

"Good day to you, Chowdhri," said the trader. "I see you are going to pay some of your debt."

The farmer nodded.

"That debt is too big," the trader continued. "Soon, you will have no more money, and you will have to give your land to the moneylender. Can't you do something to save your land?"

"It is too late to do anything, Shahji," the farmer said sadly.

"Well, let's forget our worries and pass the time telling stories," said the trader.



"That's a good idea, Shahji!" said the farmer. "But let's make one rule. No matter how silly the story, we must not say it is not true. Whoever says the story is not true, must pay the other one 500 rupees."

"Agreed!" laughed the trader. "I will tell my story first."

"My great-grandfather was the greatest of traders. He was very rich. He sailed to China and came back with many precious things. One of these things was a statue of pure gold. The statue could answer any question you asked it," said the trader.

"True, oh Shahji, true," said the farmer.



It starts with a story...

Nalibaili is a national reading-for-employment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibaili.org or www.nalibaili.mobi



Drive your imagination

The trader and the farmer is from the Rainbow Reading series by Cambridge University Press. Rainbow Reading is a graded series for primary schools. It provides a wealth of original stories and factual texts, which will help learners to develop the reading skills and vocabulary they need to meet the requirements of the curriculum – in all learning areas. Rainbow Reading consists of 350 files which are grouped by level and theme. For further information, visit www.cup.co.za



CAMBRIDGE
UNIVERSITY PRESS

www.cup.co.za

Cambridge University Press
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002
Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418
Email info@cup.co.za

"One day your great-grandfather came to ask the statue a question," the trader said. "He asked who the wisest man was. The statue answered that the trader was the wisest. Then he asked who the most stupid man was. 'Why you are, of course,' the statue answered."

"True, oh Shahji, true," said the farmer, although he did not agree. The trader carried on with his story. "My father was also a great traveller. One day on his travels, a mosquito landed on his ear. My father asked the mosquito, very politely, to leave him alone. The mosquito was very impressed by my father's good manners. He said he would like to do something for him. The mosquito opened its mouth wide. Inside, my father saw a huge palace with golden doors and windows."



"At one of the windows stood the most beautiful princess in the world. But behind the princess he saw a peasant about to attack her with a knife. My father jumped into the mouth of the mosquito to rescue the princess."

"True, oh Shahji, true!" said the farmer.

"My father leapt onto the peasant, who happened to be your father," said the trader. "My father and your father fought for a year in the stomach of the mosquito. At last, my father won the fight and your father became his servant. My father married the princess, and I was born."

"True, oh Shahji, true!" said the farmer.

"But when I was 15," the trader went on, "a heavy rain of boiling water fell on the palace. The whole building collapsed. We landed up in a hot sea, but we managed to swim ashore. Suddenly, we were in a kitchen. In front of us stood a woman shaking with fear!"

"True, oh Shahji, true!" said the farmer.

"When the woman realised we were men and not ghosts, she started shouting at us. 'You have spoilt my soup!' We apologised and told her we had been living in the stomach of a mosquito for 16 years. She said she remembered that a



mosquito had bitten her on the arm and she had squeezed out the poison. A big drop of blood had fallen into her cooking pot, and we must have been in it."

"True, oh Shahji, true!" said the farmer.

"Well, we left the kitchen and found ourselves in another country. That country is the village we now live in. We opened a store in the village. My mother, the princess, died many years ago. That is my story. Let's see you do better!"

"A very true story," said the farmer. "My story is not as wonderful, but every word of it is true. My great-grandfather was the richest farmer in the village. He was very wise and very handsome. When he settled arguments, no one questioned his decisions. He was also very strong and bad people were terrified of him. He was always given the best seat at village meetings."

"True, oh Chowdhri, true!" said the trader.

"One day a terrible drought came to our village," the farmer continued. "Birds and animals died by the thousands. The village supplies were finished and the people were starving. My great-grandfather knew he had to do something."

"He called together all the farmers in the village. 'God Indra is angry with us for some reason and has stopped the rain,' he said. 'But if you give me your fields for six months, I will give you all food until the drought is over.'"

"The farmers all agreed and gave their fields to my great-grandfather. Then, with one great heave, he picked up the whole village and put it on his head."

"True, oh Chowdhri, true!" said the trader.

"My great-grandfather carried the village wherever there was rain. The raindrops fell on the fields and collected in the wells. He told all the farmers, who were still in the fields on my great-grandfather's head, to plough the land and sow their seeds."

"True, oh Chowdhri, true!" said the trader.

"The crops that came up had never been so wonderful," the farmer said. "The wheat grew so tall it touched the clouds



Ukhokho wakho wayeyisilima kakhulu, futhi isikhathi esiningi wayenza amaphutha. Ukhokho wami wayemthethisa kakhulu ngokwenza kwakhe amaphutha.”

“Yiqiniso, ngempela Chowdhri, yiqiniso!” kusho umhwebi. Wayesemthukuthelwele umlimi, kodwa wayengafuni ukudliwa ngenxa yokubheja. Base befike emaphethelweni edolobha, kodwa umlimi wayengakayiqedi indaba yakhe.

Bafika esitolo sikamashonisa bangena ngaphakathi.

“Ngakho-ke,” kuqhubeka umlimi, “ngemva kokuthi ukhokho wami ethengise konke ayekuvunile, ukhokho wakho waphelwela umsebenzi. Kwadingeka ukuthi ahambe, kodwa waqala ngokucela ukhokho wami ukuthi amboleke amaruphi angama-50.”



“Yiqiniso, ngempela Chowdhri, yiqiniso!” kusho umhwebi.

“Kuhle kakhulu,” kusho umlimi, ememeza kakhulu khona ezozwiwa umashonisa. “Ukhokho wakho akazange asikhokhe isikweletu, nomkhulu nobaba wakho ngokunjalo. Nawe imbala awukasikhokhi isikweletu. Manje-ke njengoba amaruphi angama-50, uma sekuhlangukiswa nenzalo, enza amaruphi angama-500. Nanso imali ongikweleta yona!”

“Yiqiniso, ngempela Chowdhri, yiqiniso!” kusho umhwebi.

“Usvumile isikweletu phambi kukamashonisa,” kusho umlimi. “Manje-ke, ngicela umkhokhele imali yakhe yikhona ngizogcina umhlaba wami.”

Wabambeka umhwebi. Uma ethi indaba iyiqiniso, kwakumele akhokhele umashonisa amaruphi angama-500. Uma ethi ayilona iqiniso, kwakumele akhokhele umlimi amaruphi angama-500. Ngakho kwadingeka ukuba akhokhe, kanti akaphindanga futhi wathi umlimi uyisilima.



Umhwebi nomlimi

Iroxwa kabusha uRos Haden

Imidwebho yenziwe uNatalie Hinrichsen

Kwasukasukela eNdiya, kwakukhona umhwebi. Bonke abantu bomuzi babethenga lokho abakudingayo kuye, futhi wayeyindoda ecebe kakhulu.

Ngelinye ilanga ngesikhathi esendleleni eya edolobheni, umhwebi wahlangana nomlimi ohluphekayo. Umlimi kwakufanele akhokhe isikweletu ayesikweleta umashonisa. Ukhokho womlimi wayeboleke imali, amaruphi angama-50 eminyakeni engama-50 eyedule. Wayengakwazanga ukukhokha. Umashonisa wayefake inzalo kulelo nani, manje umlimi ohluphekayo wayesikweleta umashonisa amaruphi angama-500. Wayezibuza ukuthi ngabe uyophinde akwazi yini ukukhokha lesi sikweletu.



“Sawubona, Chowdhri,” kusho umhwebi. “Ngiyabona ukuthi usayokhokha ingxenye yesikweletu sakho.”

Wavuma ngekhandanda umlimi.

“Sikhulu kakhulu leso sikweletu,” kuqhubeka umhwebi. “Maduze nje, uzobe ungasenayo imali, futhi kuzodingeka ukuthi unikeze umashonisa umhlaba wakho. Ngabe ayikho into ongayenza ukuze usindise umhlaba wakho?”

“Akusekho lutho engingalwenza manje, Shahji,” kusho umlimi ngokudangala.

“Kulungile, masikhohlwe ngezinkinga zethu bese siqhuba isikhathi ngokuxoxa izindaba,” kusho umhwebi.

“Yisu elihle lelo, Shahji!” kusho umlimi. “Kodwa masibeke umthetho owodwa. Noma ngabe ayenzi mqondo kanjani indaba, akumele sithi ayilona iqiniso. Noma ngabe ubani othi indaba ayilona iqiniso, kumele akhokhele omunye amaruphi angama-500.”

“Kulungile!” kuhleka umhwebi. “Ngizoxoxa indaba yami kuqala.”

“Ukhokho wami wayengumhwebi ophumelele kunabanye abahwebi. Wayecebe kakhulu. Wayehamba ngomkhumbi aye eChina abuye nezinto eziningi ezivigugu. Enye yalezi zinto kwakuyisithombe esibunjwe segolide. Isithombe esibunjwe sasikwazi ukuphendula noma imuphi umbuzo owawusibuza wona,” kusho umhwebi.



It starts with a story...

UNalibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uhole eminye imininigwane, vakashele ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your imagination

www.nalibali.org

The trader and the farmer is from the Rainbow Reading series by Cambridge University Press. Rainbow Reading is a graded series for primary schools. It provides a wealth of original stories and factual texts, which will help learners to develop the reading skills and vocabulary they need to meet the requirements of the curriculum – in all learning areas. Rainbow Reading consists of 350 files which are grouped by level and theme. For further information, visit www.cup.co.za



www.cup.co.za

Cambridge University Press
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002
Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418
Email info@cup.co.za



Fold

“Yiqiniso, ngempela Shahji, yiqiniso,” kusho umlimi.

“Ngelinye ilanga kwafika ukhokho wakho ezobuza isithombe esibunjwe umbuzo,” kusho umhwebi. “Wabuza ukuthi kwakuwabani indoda ehlakani phe kunawo onke. Isithombe esibunjwe saphendula ngokuthi umhwebi wayeyindoda ehlakani phe kakhulu. “Wabe esebuza ukuthi kwakuwabani indoda eyisilima kunawo onke. “Hawu, ubuzelani ngoba uwe?” kuphendula isithombe esibunjwe.”

“Yiqiniso, ngempela Shahji, yiqiniso,” kuphendula umlimi, noma wayengavumelani nalokhu.

Umhwebi waqhubeka nendaba yakhe. “Ubaba wayevakashela namazwe amaningi futhi. Ngelinye ilanga esavakashile, kwangena umiyane endlebeni yakhe. Ubaba wacela umiyane, ngokukhulu ukuzithoba, ukuthi umyeke. Umiyane wahlatshwa umxhwele kakhulu ngokuba nenhlonipho kukababa. Wathi ufuna ukumenzela okuthile. Umiyane wakhamsa kakhulu. Phakathi kuwo ubaba wabona indlu yasebukhosini enkulu eneminyango namafasitela egolide.



“Kwelinye lalawo mafasitela kwakumi inkosazana enhle kunawo onke ake aba khona emhlabeni. Kodwa ngemva kwenkosazana wabona umuntukazana owayezama ukuyigwaza ngommeso. Ubaba wagxuma wangena emlonyeni kamiyane ukuze asindise inkosazana.”

“Yiqiniso, ngempela Shahji, yiqiniso!” kusho umlimi.

“Ubaba wagxuma wabamba umuntukazana, okwakuwubaba wakho,” kusho umhwebi. “Ubaba nobaba wakho balwa unyaka wonke esiswini sikamiyane. Ekugcineni, ubaba waphumelela kuleyo mpi, ubaba wakho waba isisebenzi sakhe. Ubaba washada nenkosazana, kwazalwa mina.”

“Yiqiniso, ngempela Shahji, yiqiniso!” kusho umlimi.

“Kodwa kwathi sengineminyaka eyi-15,” kuqhubeka umhwebi, “kwana uzamcolo ongamanzi abilayo endlini yasebukhosini. Kwawa isakhiwo sonke. Sagcina sisolwandle olushisayo, sakwazi ukubhukuda saphumela osebeni. Kusenjalo, sazithola sesisekhisini. Phambi kwethu kwakukhona owesifazane ovevezelayo uvalo!”

“Yiqiniso, ngempela Shahji, yiqiniso!” kusho umlimi.



“Wathi uma ebona ukuthi singabantu asizona izipoki, waqala ukusithethisa. ‘Nimoshe isobho lami!’ Saxolisa samtshela ukuthi besihlala esiswini sikamiyane iminyaka eyi-16. Wathi ukhumbula ukuthi wayelunywe umiyane engalweni nokuthi wabukhama bonke ubuthi. Kwawela ebhodweni lakhe ithonsi elikhulu legazi, futhi kungenzeka ukuthi sasiphakathi kulo.”

“Yiqiniso, ngempela Shahji, yiqiniso!” kusho umlimi.

“Sabe sesishiya ikhishi sazithola sikwelinye izwe. Lelo zwe liwulo muzi esihlala kuwo manje. Savula isitolo emzini. Umama, inkosazana, washona eminyakeni eminingi edlule. Nanso-ke eyami indaba. Ake sibone-ke ukuthi uzoxoxa indaba engcono yini!”

“Indaba eyiqiniso ngempela,” kusho umlimi. “Eyami indaba ayimnandi kodwa igama ngalinye liyiqiniso. Ukhokho wami wayengumlimi onotho kunabo bonke emzini. Wayehlakaniphe futhi emuhle kakhulu. Uma exazulula ukungaboni ngasolinye, akekho owayembuza ngesinqumo sakhe. Wayenamandla futhi abantu ababi babemesaba. Wayehlale enikezwa isihlalo esiphambili emihlanganweni yase mzini.”

“Yiqiniso, ngempela Chowdhri, yiqiniso!” kusho umhwebi.

“Ngelinye ilanga kwaba nesomiso esikhulu emzini wangakithi,” kuqhubeka umlimi. “Izinyoni nezilwane zafa ngezinkulungwane. Kwaphela ukudla emzini abantu babulawa yindlala. Ukhokho wami wayazi ukuthi kumele enze okuthile ngalokhu.

“Wabiza bonke abalimi bomuzi. ‘Unkulunkulu u-Indra usithukuthelele ngenxa yesizathu esithile ngakho uyekise nemvula ukuna,’ kusho yena. ‘Kodwa uma ninginika amasimu enu izinyanga eziyisithupha, ngizoninika konke ukudla kuze kudlule isomiso.’

“Bavuma bonke abalimi banika ukhokho amasimu abo. Ngokuqokula okunamandla okukodwa nje waphakamisa umuzi wonke wawuthwala ekhanda lakhe.”

“Yiqiniso, ngempela Chowdhri, yiqiniso!” kusho umhwebi.

“Ukhokho wahambisa umuzi wonke noma yikuphi lapho okwakunemvula khona. Amanzi emvula awela emasimini aze agwala nasemithorjeni yamanzi. Watshele bonke abalimi, ababethwelwe ekhanda likakhokho ukuthi balime umhlaba bese betshala imbewu.”

“Yiqiniso, ngempela Chowdhri, yiqiniso!” kusho umhwebi.

“Kwahluma izitshalo ezinhle ngendlela engefanaswe nalutho,” kusho umlimi. “Ukolweni wakhula wamude kakhulu waze wathinta amafu kanti nohlamvu lukakolweni ngalunye lwalulukhulu ngangekhanda lakho. Ukhokho wabuyisela umuzi endaweni yawo wase ewubeka phansi.”

“Ngaleso sikhathi, ukhokho wakho wayempofu kakhulu. Ukhokho wami wayemqashe njengesisebenzi. Umsebenzi wakhe kwakuwukalela amakhasimende izinhlamvu zikakolweni.



Get creative!

Here is a fun storytelling activity to use to celebrate World Storytelling Day on 20 March 2014. Introduce your children to how they can use specially-created story bags to tell their own stories!

You will need:

- pictures from old magazines and newspapers
- small objects
- scissors and glue
- cardboard or cardboard boxes
- a cloth bag or shopping packet

What to do:

1. Prepare for the activity by cutting out pictures and words from magazines and newspapers that might make a story interesting. Paste them onto cardboard. Also look for small objects, like a feather or small toy that you could include in a story bag.
2. Place the pictures, words and objects into a cloth bag or large plastic or paper packet that is not see-through.
3. If you are doing the activity with one child, ask them to close their eyes and to take out five items from the story bag. They must then use these items to build their own story. You can write down the story your child tells you and then read it together afterwards.
4. If you are doing the activity with a group of children, let them sit in a circle. Give one of the children the bag and ask them to select an item from the bag to begin the story with. Pass the bag around the circle so that each child has a chance to choose an item and add to the story. Write down the story that the children tell and then read it back to the group afterwards.

"It is my wish that the voice of the storyteller in Africa will never die; that all children will experience the wonder of books."
Nelson Rolihlahla Mandela

"Kuyisifiso sami ukuthi izwi loxoxa indaba e-Afrika lingafi; nokuthi zonke izingane zizizwele ubumnandi bezincwadi."
UNelson Rolihlahla Mandela



Veza ubuciko bakho!

Nanku umsebenzi wokuxoxa indaba omnandi ongawusebenzisa ukugubha Usuku Lokuxoxa Indaba Lomhlaba Wonke ngomhla zingama-20 kuNdasa wezi-2014. Yethula izingane zakho ekutheni zingazisebenzisa kanjani izikhwama zezindaba esenziwe ukuze zixoxe izindaba zazo!

Izinto ozozidinga:

- izithombe zakumaphephabhuku kanye namaphephandaba amadala
- izinto ezincane
- isikele neglu
- ikhalibhothi noma amabhokisi ekhalibhothi
- isikhwama sendwangu noma uplastiki

Ongakwenza:

1. Lungiselela ukwenza umsebenzi ngokusika ukhiphe izithombe kanye namagama emaphephabhukwini nasemaphephandabeni amadala okungenza indaba ihlabane umxhwele. Kunamathisele ekhalibhothini. Bheka futhi nezinto ezincane, ezifana nophaphe noma ithoyizi elincane ongakufaka esikhwameni sendaba.
2. Faka izithombe, kanye nezinto esikhwameni sendwangu noma eplastikini noma ephaketheni lephepha elingakhombisi ukuthi kunani phakathi.
3. Uma wenza umsebenzi nengane eyodwa, yicele ukuthi icimeze bese ithatha izinto ezinhlanu esikhwameni sendaba. Kumele isebenzise lezi zinto ukuzakhela indaba yayo. Ungabhala phansi indaba oyixoxelwa ingane yakho bese niyifunda ndawonye kamuva.
4. Uma wenza lo msebenzi nezingane eziyidlanzana, zivumele ukuthi zihlale isikokela. Nika ingane eyodwa isikhwama bese uyicela ukuthi ikhethe into ethile esikhwameni ukuze iqale indaba. Dlulisa isikhwama sizungeze ukuze ingane ngayinye ibe nethuba lokukhetha into ethile bese yengeza endabeni. Bhala phansi indaba izingane ezikutshela yona bese kamuva uyifundela ithimba.

Reading club corner

April gives us plenty of opportunities to celebrate stories and words! Choose one or two of these days and then plan reading club activities around them.

- 2 April International Children's Book Day, Hans Christian Andersen's birthday
- 5 April World Scrabble Day
- 22 April Earth Day
- 23 April World Book Day (South Africa)
- 27 April Freedom Day

Hans Christian Andersen, a Danish author born in 1805, wrote many fairytales that are still retold today – for example, *The Ugly Duckling* and *The Princess and the Pea*. Many of his stories are in libraries and on the Internet. Find one you like, and try retelling it with a South African flavour!

Ikhona leThimba Lokufunda

UMbasa usinika amathuba amaningi okwabelana ngezindaba nangamazwi! Khetha usuku olulodwa noma ezimbili kulezi zinsuku bese uhlela umsebenzi wethimba lokufunda ngazo.

- Umhla zi-2 kuMbasa Usuku Lomhlaba Wonke Lwezincwadi Zizingane, usuku lokuzalwa lukaHans Christian Andersen
- Umhla zi-5 kuMbasa Usuku Lomhlaba Lwe-Scrabble

- Umhla zingama-22 kuMbasa Usuku Lomhlaba
- Umhla zingama-23 kuMbasa Usuku Lomhlaba Lwencwadi (eNingizimu Afrika)
- Umhla zingama-27 kuMbasa Usuku Lwenkululeko



UHans Christian Andersen, umbhali waseDenmark owazalwa ngowe-1805, wabhala izinsumsumane eziningi ezisaxoxwa nanamhlanje – isibonelo, u-*The Ugly Duckling* kanye nethi: *The Princess and the Pea*. Iningi lalezi zindaba zisemitatsheni yezincwadi kanye naku-inthanethi. Thola oyithandayo, bese uzama ukuyixoxa uyifake isinongo saseNingizimu Afrika!

Poetry fun

Here are some fun poems about animals to celebrate World Poetry Day on 21 March 2014. Enjoy reading them aloud with friends and family! Which one do you like the best?

Ukuzithokozisa ngezinkondlo

Nazi izinkondlo ezithokozisayo ezingezilwane zokugubha Usuku Lwezinkondlo Lomhlaba Wonke mhla zingama-21 kuNdasa kowezi-2014. Thokozela ukuzifunda kakhulu nabangani kanye nomndeni! Iyphi oyithanda kakhulu?



The owl*

A wise old owl lived in an oak.
The more he saw the less he spoke.
The less he spoke the more he heard.
Why can't we all be like that wise old bird?

* *Le nkondlo ingendlela esasiziphatha ngayo isikhova esihlakaniphile.*

The worm*

A tiny, tiny worm wriggled along the ground
It wriggled along like this without making a sound.
It came to a tiny hole – a tiny hole in the ground
And it wriggled right inside, without making a sound.

* *Le nkondlo ichaza ngendlela isibungu esingena ngayo emgodini.*



Inkomazi nenkonyane*

"Mo-o-o! Mo-o-o!
Kodwa uphi mntanami?
Ubhek' ibele lami,
Ligcwele liyashisa,
Ligcwele liyaconsa?
Woza nomlomo wakho
Uncel' ukudla kwakho."
"Mama sengifikile,
Vele bengilambile!"

* *The poem is about a cow that invites its calf to come and suckle. The calf arrives.*

Iselesele

We! Selesele!
Wadl'amas'ami,
Wawabek'ethala,
Wathi usuka,
Wathi gxu-gxu-gxu.

Frog

Gulp! Gulp! Gulp!
Greedy frog,
You drank my sour milk
And jumped away.
Hop! Hop! Hop!
Burp.



Try writing your own poem about your favourite animal and then send it to us! You can post it to us: **Nal'ibali** at PRAESA, Suite 17–201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700. Or you can email it to us: letters@nalibali.org. We'll publish the best poems in one of our future supplements.

Zama ukusibhalela inkondlo yakho engesilwane osithandayo bese usithumelela yona! Ungayithumela ngeposi ku-Nal'ibali, PRAESA, Suite 17–201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700. Noma ungasithumelela nge-imeyli ku-letters@nalibali.org. Sizoshicilela inkondlo ephume phambili kwesinye sezithasiselo zethu zesikhathi esizayo.

In your next Nal'ibali supplement:

- Ideas for using your Nal'ibali supplement
- Enjoy some of the writing you sent us
- A cut-out-and-keep book, *The jungle box*
- A new Story Corner story, *Mr Shabalala's garden*

Need copies of this supplement in other languages or back copies of older supplements? Download them for free at: <http://nalibali.org/supplements/>.

We will be taking a break until the week of 13 April. Join us then for more Nal'ibali reading magic!

Find us on Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA



Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Amacebo okusebenzisa isithasiselo sakho sakwaNal'ibali
- Thokozela ezinye zezinto ezibhaliwe osithumelele zona
- Incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina, *Ibhokisi lehlathi*
- Indaba entsha Yekhona Lezindaba, *Ingadi kaMnumzane Shabalala*

Ngabe udinga amakhophi alesi sithasiselo ngezinye izilimi noma amakhophi ezithasiselo ezindala? Zithwebula ngensiza yekhompyutha mahhala ku-<http://nalibali.org/supplements/>.

Sizoke sithathe ikhefu kuze kube isonto lomhla ziye-13 kuMbaso. Sicela nihlanganyele nathi ngaleso sikhathi ukuze nithole eminye imilingo yokufunda yakwaNal'ibali!